

# Iphoyisa lenkantolo lizothatha impahla yenkampani ngesikweletu se-PAYE nese-VAT

**Tshwane, 10 kuNcwaba 2021** – Iphoyisa lenkantolo lizothatha izimpahla ze-GladAfrica Management Services emva kokuthi uPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) luthole isinqumo senkantolo nomyalelo wokusebenzisa lesi sinqumo enkampanini emva kokuba ithumele amaphepha e-PAYE nase-VAT bengakukhokhelanga.

Ukuhluleka kwabo ukukhokha sekuholele ekutheni babe nesikweletu sika-R88-million esabe sesidluliselwa ethimbeni i-SARS PAYE Rapid Response Team elabe selixoxisana nomkhokhintela phakathi kukaNhlaba noNcwaba 2021.

Kodwa-ke, umyalelo wokusebenzisa isinqumo senkantolo ukhishwe namuhla mhla ziyi-10 kuNcwaba, ozolandelwa ukuthi iphoyisa lenkantolo lithathe impahla.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthe okunye kwalokhu isikhungo esikuphokophele ukwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kubakhokhintela abangathobeli izibophezelo zabo zentela, noma ngabe ungubani lowo mkhokhintela.

“USARS uyaqhubeka nokuqaphela umkhuba wezinkampani wokuthumela amaphepha ngaphandle kokwenza izinkokhelo ezifanele. Lokhu kungathobeli angeke kubezezelelwe ngoba kuyingozi emyalelweni wakwaSARS wokuqoqwa kwemali.

“Izinkampani nabaqondisi bazo kumele baqaphele ukuthi uSARS uzothatha zonke izinyathelo zomthetho ukuqinisekisa ukuthobela kanye nokuqinisekisa ukuthi i-VAT ne-PAYE kuyakhokhwa. Ngokwesivumelwano nomuntu wesithathu, i-PAYE ithathwa kuzisebenzi egameni likaSARS kanti futhi ayiyona inzuzo yenkampani. Ngalokho-ke, ukusebenzisa intela eqoqiwe kwezinye izinto kunokuba uyikhokhe kwaSARS kuyicala lobugebengu.” kusho uMnu Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [Sarsmedia@sars.gov.za](mailto:Sarsmedia@sars.gov.za)